

# PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UFEBRUWARI  
2017

## Imibuzo eyisikhombisa ebuzwa kaningi mayelana NE- KHONGOLOSE KA-GRAIN SA

I khongolose yeGrai SA uzobanjwa ngo-mhlaka ka- 8 nangomhla ka- 9 kuMashi kulo nyaka. I-Pula Imvula icele uSihlalo weGarin SA uJaco Minnaar, ukuba aphe-nndule imibizo ebuzwa kaningi.

**Yini iKhongolose futhi yenziwa kanjani?**  
I Khongolose ye-Grain SA umhlangano jikelele wonyaka wamalungu futhi ngamandla aphakeme kakhuI eGrain SA. I Khongolose ibanjwa njalo ngonyaka ngosuku nendawo enqunywa yiSigungu. I Khongolose inqunyelwe ukuba yenziwe ngomhla ka-8 nomhla ka-9 Mashi 2017 e-NAMPO Park, eBothaville.

### Ngabe yini umsebenzi wale Khongolose?

Umsebenzi weKhongolose:

- Ukucabanga, ukuxoxa ukuvunywa kwa-ma-financial statements onyaka, umbiko womcwaningi- mabhuku kanye nombiko weSigungu seGrain SA;
- Ukukhethwa kukasihlalo nosekela sihlalo aba-2 (ababili);
- Ukukhethwa kweSigungu;
- Ukuqokwa komcwaningi-mabhuku nokuvunywa kwenkokhelo yakhe; ne
- Ukusingathwa kwezinye izindaba ezi-sipesheli ezizoxoxwa.

### Ngabe zikhethwa kanjani izithunywa eziya kuKhongolose?

Umtethosisekelo ishiya isikhala sabamele ngokwama-levi akhokwelwe ngesifunda ezi-fundeni zezomnotho. Inombolo yezithunywa ngesifunda ngasinye ichibiyelwa ngonyaka ngokubalwa kwe-avareji yeminyaka emithathu yokusilayida kokuhokwa kwelevi ngesifunda.

Emuva kokubonisana nabamele i-Farmer Development Working Group ngomhlaka 28 Septhemba 2016, kwavunyelwana ekutheni izithunywa eziya kuKhongolose ezivela ezi-fundeni ezsathuthuka ezine, zibalwe ngoku-bheka inombolo yamalungu akhokhile e-250 Ton Club kulezi zifunda. Izithunywa ezivela kulezi funda ngakho ke zizoba kanje kule kuThebula 1.

Emihlanganweni yesifunda ngaphambi kwe-Khongolose, izithunywa zezfunda zizokhethwa ukuzokwethamela iKhongolose.

### Kufanele bukhokhelwe nini ubulungu?

Inkokhelo yobulungu ne-commodity levy (uma kufanele) ikhokhwa njalo ngonyaka kusukela

Incwadi yeGrain SA  
yabalimi abasakhulayo

### Funda Ngaphakathi:

**04** | Amarekhodi emvula yemi-nyaka eyi-101 – into ebalule-kile yokukhiqiza isilimo

**06** | Imilenze emine yebhizinisi

**08** | Ungalilahli ithemba  
– emva kwefu ngalinye  
kunolayini osiliva



03



07

05





## UGOGO JANE UTHI...

**U**Febhuwari ngenye yezinyanga ezithule kwikalenda yomlimo wokusanhlamvu – izilimo zasebusika zisuke zingatshaliwe kanti nezilimo zasehlobo zisuke zisazikhulela nje. Akukho okuningi ongakwenza ukusiza izitshalo manje njengoba kufanele zikhule futhi kuhlume izinhlamvu ukuze uvvne.

Ukulima nokho ukusho ukutshala nokunakekela izilimo kuphela. Le nyanga ingasetshenzisa kahle uma ukhanda amafensi nezakhiwo, futhi ukhande ogandaganda nempahla yakho. Kuyakhkhela njalo ukukhanda umonakalo omkhulu ungakenzeki – Isisho sesiNgisi sithi ‘ukuthunga isitishi esisodwa ngesikhathi kuvikela eziyi-sishiyagalolunye’ – nanamuha sisasebenza. Uma ukhanda izinto ezincane futhi uqhubeke ngokunakekela ngalokho uzogwema ukwephuka okukhulu okuzokubiza izizumbulu zemali futhi kukuchithele isikhathi.

Abalimi bezilimo zasebusika basuke belungiselela ukutshala isilimo esilandelayo – siyazi ukuthi isizini ka-2016 ibiyinhe kubalimi bakakolo, ubhali eNtshonala yeNingizimu neKapa futhi sinethemba lokuthi nalo nyaka uzuba muhle kubo. Khumbula ungathathi izindlela ezipubelayo – yenza yonke into oyenza kahle.

Ngenyanga ezayo sizoba nekhongolose yakwa-Grain SA. Kule nyanga, uzomenywa emihlanganweni yezifunda. Uyacelwa yenza umezamo uhambele umhlangano njengoba i-Grain SA iyilungu lenhlangano futhi ukuhlanganyela kwamalungu kudingekile ukugcina inhlango iphila futhi inomdlandla. Khumbula ukuthi amalungu akhokhe ngokugcweli kufanele ahambale ikhongolose – uyacelwa qinisekise ukuthi ukhkhile. Uma ungaqinisekile ngalokhu, xhumana ne-development co-ordinator yakho izokwazi ukukusiza kulokhu.

Ukumakethwa kommbila kungaba nenselelo – uma ubungazenzile izinhlelo njengamanje, ngicela wenze njalo. Sizothanda ukuba uthole intengo enhle kakhulu ngesilimo sakho ukuze uvune izithelo zokusebenza kwakho kanzima.

UFebhuwari yinyanga enhle yokutshala izihlahla – akuyona into eyenziwa abantu bonke kodwa isidindo salokho siyakhula ukuba sizitshale izihlahla ezindaweni zethu. Okungenani asitshale isihlahla esisodwa kule nyanga – ngeke uphile uze uhlale ethunzini laso, kodwa leli thunzi olithokozelayo namuhla kungenzeka ukuthi latshalwa ngomunye – le yinto esiyenzela izizukulwane ezizayo.

## Imibuzo eyisikhombisa ebuzwa kaningi mayelana neKhongolose ka-Grain SA

Ithebula 1: Izithunywa ezivela ezifundeni ezisathuthuka zimi kanje:

Isifunda	Ilungu lesiGungu	Izithunywa
Isifunda 28	UMaseli Letuka	12
Isifunda 29	U-Gift Mafuleka	7
Isifunda 30	URamodisa Monaisa	3
Isifunda 31	U-Israel Motlhabane	12
<b>Isamba</b>		<b>34</b>

kumhla ka 1 Mashi kuye ekupheleni kuka-Febhuwari, ngesikhathi sokuphela konyaka zimali wokukhkhela ubulungu nama-levi. Isimo sobulungu sinquanya ukukhokha okwensiwe kuze kuphela uFebhuwari olandelwa iKhongolose.

Inkokhelo yobulungu ubungakhokhela uzokwamukelwa ngosuku lokubhalisela iKhongolose noma ngesikhathi seKhongolose.

Inkokhelo yobulungu okwamanje yamalungu angenisa inzuko u-R1 000 kanye ne-VAT ne-commodity levy. Inkokhelo yobulungu yamalungu e-study group u-R30 ngonyaka.

Amalungu angahlangabezani nezidingo zobulungu, ngeke:

- Thamele iKhongolose njengezithunywa ezivotayo; noma
- Khethelwa ukusebenza kunoma yiliphizanga leziphathimandla. Umuntu onjalo angethamela iKhongolose njengombheki. Kucelwa kuqinisekiswe ukuthi amalungu abangenisa inzuko akhethwa njengezithunywa eziya kuKhongolose. Kuzokwenziwa isiphakamiso kuKhongolose ka-2017, ukuthi umthethosisekelo ochibiyelwe ubonelela amakhathagori amabili obulungu, isibonelo amalungu angenisa inzuko akhqiqa okungenani amathani ayi-100 okusanhlamvu wokudayisa, kanye namanlungu e-study group akhqiqa ngaphansi kwamathani ayi-100 okusanhlamvu.

Imibuzo mayelana nesimo sobulungu kungabhekiswa ku-Patricia noma u-Elray ku-086 004 7246.

### Ngingayethamela imihlangano yesifunga ngaphambi kweKhongolose?

Isaziso somhlangano wesifunda ngaphambi kweKhongolose sizothunyelwa kwaGrain SA nasemahovisi esifunda.

Bonke abakhiqizi bokusanhlamvu bavumelekile ukwethamela imihlangano yezifunda futhi babuze imibuzo kubasebenzi bakwa-Grain SA nakulabo abasemahovisi. Amalungu angenisa inzuko noma

angama-study group akhokhile angavota emihlanganweni yezifunda.

### Ngubani ongavota kuKhongolose?

Amalungu kuphela abakhokhela ubulungu bawo kanye ne-levy yemboni azobe esikhokhile ngasekupheleni kukaFebhuwari 2017, bavumelekile ukuba izithunywa ezivotayo kuKhongolose.

### Ukhethwa kanjani usihlalo, nosekela sihlalo ababili neSigungu?

Ikhongolose kufanele ikhethe usihlalo njalo ngonyaka kanye nosekela sihlalo ababili kuzithunywa eziya kuKhongolose, futhi kufanele bahlale ehhovisi kuze kuphothulwe iKhongolose ukulandela iKhongolose abakhethwe kuyo.

Umuntu engaqokwa futhi akhethe we njengosihlalo noma usekela sihlalo kwa-Grain SA, kuphela uma loyo muntu ethunywe njengesithunywa esikhokhile kuKhongolose yisifunda asimele.

Uma usihlalo noma usekela sihlalo wokuqala akayena omele abakhiqizi abasathuthuka, usekela sihlalo wesibili azokhethwa, kufanele amelete abakhiqizi bokusanhlamvu abasathuthuka.

Oyedwa omele isifunda ngasinye kusukela ku-(1 kuya ku-31) bakhethelwa kuSigungu isikhathi esiyiminyaka embili. Amalungu eSigungu sezifunda akhethwa ngesikhathi seKhongolose yizithunywa zesifunda esifanele, futhi akhethwa yibo ngebhalthi evalekile.

Kuzokwenziwa isiphakamiso kuKhongolose ka-2017 ukuthi elilodwa ilungu elengeziwe kufanele likhethelwe eSigungwi, limele abakhiqizi abasathuthuka.

Usihlalo, osekela sihlalo ababili kanye nelungu elengeziwe abasimele isifunda.

*I-athikhili ibhalwe ngu-Jaco Minnaar,  
usihlalo: wakwa-Grain SA. Uma ufuna imininingwane egcweli, thumela i-imeyili  
ku-jaco@compuking.co.za.*

# Ukuvikela nokulawula i-Stalk borer emmbileni

**U**mmibila yisilimo esikhqizwa kakhulu eNingizimu Afrika, ulinywa kakhulu eFreystata, eMpumalanga, nase-Nyakatho neNtshonalanga kanye nakwenzinye izifundazwe, kodwa kubanzi kancane. Kuleli zwe, sincike emmbileni njengokudla okubalulekile. Yikhomodithi eyenza ingxene enkuwu nomnotho ngakho ke yingakho siddinga ukuwuqaphela kakhulu.

Lokhu kungakhombisa ukuba yinselelo ngesinye isikhathi njengokuphonsa ibhola ngokugobile ngezikhathi ezithile. Onke ama-organizimu anezitha, kanye nesitshalo sommbila. Ku-fanele sifunde ukuthi zivikelwa kanjani izilimo zethu kulezi zitha ngamandla ethu onke. Kule athikhile, kafushane sizobeka amaphuzu ezinselelo zokubhekana ne-Stalk bore zezilimo zethu zommbila.

## Ukubona i-Stalk borer emmbileni

Indlela enhle yokubona ukuthi ngabe ihlasele i-Stalk borer emmbileni wakho, ukuhlola nokubhekisa emmbileni wakho, ukufuna nokuhlola inhlabathi yakho. Zama ukufunisa ngokwamaphethini ayi-grid ukuze uthole isithombe esiphelele sensimu yakho. Uma usuqedile ukufunisa insimini kufanele uzame futhi ukuthola ubuningi bomonakalo ngo-kwamaphesenti okuzokusiza ukuze unqume ukuthi uma ungafafaza kungenza umqondo ngokwezomnotho ukufutha ikhemikhali ezolawula lelo nani.

Ungabheka kanjani ukuhlasela kwe-Stalk borer? Umlimi angakwazi ukubona ubufakazi emmbileni kusaqala kusukela emavikini amathatu. Uphawu olugqame kakhulu okufanele ulubheke yizimbobo emakhasini akheke ngobuno. Lokhu kubizwa ngokuthi yi 'shotgun' umnakalo. Njengoba igama lisho izibungu ezidla ikakhulukazi izinhlanga zeztishalo zommbila. Esigabeni sokumila kwenkova izibungu nazo kwesinye isikhathi ziwela esikhwebini sommbila ziphinde zisidle leso isikhwebu uqobo noma isiqu sendlebe. Uma kunjalo umlimi kwesinye isikhathi angacosha amadlebe ommbila awe engavuthiwe, ukunqunywa komthombo wamandla aya endlebeni yommbila.

Enye indlela yokubona ukuhlasela kwezbungu ukubheka izibungu uqobo ezitshalweni. Omunye angahamba ensimini ebusuku futhi abheke ukuthi ngabe alikho yini ibhu elincane elinombala ompunga nomhlophe. Ibhu elimpunga elesilisa kanti ibhu elimhlophe elesi-



**I-Stalk borer yommbila wase-Afrika.**  
Isithombe – Annemie Erasmus, ARC Grain Crops Institute, Potchefstroom

fazane. Amabhu andiza ebusuku futhi azalele amaqanda awo ezitshalweni zommbila phakathi kwe-leaf sheath nesiqu ecembeni eliselincane eselivuleke ngokuphelele. Amaqanda azalelwu izibungu, ahamba afinyelele esigabeni sokuhula, ilapho eqala khona ukudla.

## Ukulawula kwe- Stalk borer

Uma umlimi esebonile ukuthi isilimo sakhe sihlaselwe yi-stalk borer (ngokuvamila izitshalo ezingapezulu kuka-10%) kuzodingeka acabange isinyathelo azozithatha. Indlela yokulawula ukusebenzisa amakhemikhali. Umlimi uzosebenzisa ama-insecticide enzelwe ukulawula i-stalk borer futhi ayisakaze ngokusebenzisa i-boom spray. Ngaphambi kokuba umlimi afake amakhemikhali, kufanele abe nesiqiniseko ngomsebenzi ngqo walawo makhemikhali njengoba bonke oshevu bengafani. Amanye asebenza ngokuthinta ngqo kanti amanye angama-systemic poisons ahlose ukubulala i-larvae emacembeni naseziqwini zesitshalo sommbila. Khumbula ukuthi bonke oshevu bayingozi futhi kufanele baphathwe ngokukhulu ukucopelela. Gqoka amagilavu, imaskhi yobuso kanye namagilavu okuvikela uma usebenza nganoma iyiphi ikhemikhali.

## Ukuvikela

Ezolimo zesimanje zenze enkuwu inqubeke-laphambili ukukhandweni kwama-cultivar. Amanye ama-cultivar ommbila manje ase-genetically modified ukumelana nokuhlasela kwe-Stalk borer. Lolu usizo olukhulu kumlimi ukulawula izinambuzane. Nokho lokho kuza nenkokhelo. Imbewu yommbila i-GM ibiza ngaphezulu kwembewu eyi-standard non GM. Uma utshala imbewu yommbila oyi-standard indlela engcono yokuvikela ukushesha uthathe izinyathelo phecelezi - proactive. Sesha insimu yakho njalo uhlole ukuhlasela kwe-stalk borer futhi uthathe izinyathelo ezisheshayo uma ubona inkinga.

Khumbula ukuthi i-Stalk borer nezinye izinambuzane zinamandla okubulala izitshalo zakho ezingabiza izinkulungwane zamaRandi. Ngakho ke, ungahlali nje usonge izandla. Qinisekisa ukuthi akukho ongakwazi okwe-nezeka ensimini yakho.

**I-athikhili ibhalwe ngu-Gavin Mathews,  
i-Bachelor in Environmental Management.  
Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela  
i-imeyili ku-gavmat@gmail.com.**



# Amarekhodi emvula yeminyaka eyi-101

## - into ebalulekile yokukhiqiza isilimo

**K**wi-athikili yePula Imvula kaNove-mba 2016 'Gcina amarekhosi emvula unciphise ubungozi' yayimayelana nokugcina amarekhodi emvula noku-asesa umswakama oqukethwe wenhlabathi yakho, ingafundwa ngokuhlanganiswa nale-athikhili.

Amazwi okubonga okukhulu kufanele kwe-dlulisewa emndenini wakwa-Johnson olima epulazini i-Waterland ngokuveza idatha yemvula yeminyaka eyi-101. Umndeni wakwa-Johnson ubulima eMpumalanga neFreystata futhi kufanele uncoywae ngokugcina kwavo amarekhodi amahle kangaka ezizukulwaneni ezintathu zabalimi kuze kufike kulesi sikhathi eselulwe kangaka.

Amarekhodi emvula engasetshenziswa ngezindlela eziningi. Ukwazi amaphethini esikhathi eside onyaka namaphethini enyanga kungasetshenziswa ngobubanzi ekubaleni inani lamanzi angageleza ayongena emadaminu namanzi asentshenziswayo jikelele kanye nahlelewae ukukhiqiza isilimo epulazini lakho. Emapulazini amakhulu kufanele ugcine amarekhodi ezindaweni ezechukene kuye ngokusetshenziswa komhlaba ezingxenyeni eziphansi neziphezulu zezilimo emadelweni atshaliwe namathafa emvelo.



Ukonga umswakama enhlabathini wemvula etholakele kusilimo sesikhathi eside kanye nokujikelezisa kwamadlelo kuzobaluleka empumelelweni yanoma yimuphi umsebenzi wokulima. Izindleko ezinkulu kanye nobungozi obubandakanyekayo ekukhiqizeni izilimo kungancishiswa ngokusebenzisa izindlela zezilimo ezisemazingeni aphezulu enhlabathini nokonga umswakama.

### Ukubheka amarekhodi akho emvula

**Ugrafu 1** Ikhombisa imvula etholakala njalo ngenyanga epulazini i-Waterlands esikhathini seminyaka eyi-101 amarekhodi aqoqwa nsuku zonke okuqhathaniswa nama-avareji ezifunda nezwe lonke.

Umcebo wolwazi ungatholakala ngoku-hlaziya idatha ngezindlela ezechukene. Nakuba i-avareji yesikhathi eside ingu-607 mm/ngonyaka imvula ephansi kakhulu etholakele onyakeni wekhalenda kwakungu-313 mm kanti ephezulu ukwedlula zonke u-980 mm/ngonyaka. I-avareji yesikhathi eside yaseWaterlands u-607mm uma kuqhathaniswa no-585 mm/ngonyaka yesifunda esikhulu semvula u-71 phakathi epulazini iyatholakala kanye ne-avareji yezwe ka-448mm/ngonyaka. EngakhonjisiveeFreystata

**Igrafu 1: Imvula etholakala ngenyanga epulazini i-Waterlands ngaphezulu kweminyaka eyi-101.**



yi-avareji ka-590 mm ngonyaka. INingizimu Afrika ebizwa nge-arid land enemvula ephansi uma kuqhathaniswa namanye amazwe.

Kepha, ukusabalala kwemvula eningi ezindaweni ezikhiqiza izilimo kuvumela ukukhiqizwa kwezilimo ezidayiswayo enhlabathini eyomile izilimo ezisanhlamvu uma kulandelwe izindlela zokulima kongiwe amanzi. Ezindaweni



*“Ukonga umswakama enhlabathini wemvula etholakele kusilimo sesikhathi eside kanye nokujikeleziswa kwamadlelo kuzobaluleka empumelelweni yanoma yimuphi umsebenzi wokulima.*

isiyonke, emva kwesikhathi eside, itholakala ngoNovemba kuya ku-ePhreli ngesizini yasehlobo yokukhiqiza futhi u-136 mm engalinyiwe ebusika noma ngesizini yokungalimi. Isilimo sasehlobo singahlolewa ukusetshenziswa kwamanzi kanye namandla esivuno phakathi kwezinselelo zika-471 mm ngamandla emvula etholakalayo ngesizini yokulima. Ummbia udinya amanzi aphakathi kuka-500 no-800 mm okukhiqiza isilimo esiphakathi kuka-3,5 amathani/ha kuya ku-6 amathani/ha kuya nge-cultivar, amandla enhlabathi kanye namayunithi okushisa etholakala endaweni yokukhiqiza. Ngemikhuba emihle yokonga kungenzeka ukugcina u-136 mm wemvula eningi enhlabathini phakathi kwezilimo.

Isivunguvungu esihamba nokuduma kwezulu engaphezulu kuka-50 mm ngesikhathi sokukhiqiza sasehlob sizodala ukugeleza komswakama omningi ongamuncwa inhlabathi. Uma sinayo, isibonelo u-50 mm wananzi agelezayo ngonyaka sisuke sino-421 mm womswakama okhona esizini yasehlobo kanye nengxenye yemvula yasebusika owongelwa inhlabathi okulinywa kuyo isilimo sanoma yiziphi izilimo ezilinywa ehlobo. Umswakama ohlinzekiye usuwonke ongaba khona unga-bese usetshenziselwa isilinganiselo esiqonde ngqo sesivuno esithagethiwe esizotholakala sesilimo ngasinye.

Ngenxa yokudepha kwenhlabathi nepethini yenani le mvula ngeke kube kuhle ukufaka umanyolo noma ukukhuphula ama-*inputs* ngenhlosa yokuthola amathani ayi-5 kuya ku-6 esilimo sommbila. Lezi zivuno zingatholakala kuphela mhlampe kanye noma kibili eminyakeni engama-30 uma kutholakale imvula engaphezulu kwe-avareji. U- 3,5 amathani/ha ithagethi izoba yiqiniso kulezi zimo.

### Isiphetho

Sebenzisa ukuhlola okuqondile kwamarekhodi athile emvula yesikhathi eside, ukugcina amaphethini engqondweni nokuhlela okuyiqiniso kakhulu nesivuno sesilimo esithagethiwe esingenisa imali. 

lapho kutholakala i-avareji yemvula ingama-600 mm/ngonyaka kuya ku-650 mm/ngonyaka futhi kuye ngamandla enhlabathi, ukulinywa kwezilimo ezinotthisayo kungaba yimpumelelo kwezomnotho. I-fektha ebalulekile ukusabalala kwemvula ngamasizini okukhiqiza asebusika nasehlobo nemvula engasiza isilimo esithile esingaba nesivuno esiphezulu. Le grafu ikhombisa

ukuthi kunephethini engaguuki phakathi kwe-mvula yendawo epulazini noma esifundeni kanye nephethini yonyaka ezweni lethu.

### Imvula kanye nokuhlelela ukujikelezisa isilimo

Ucwaniiso lwamarekhodi eWaterland akhombisa ukuthi u-471 mm wemvula noma u-78% wemvula

*I-athikhili ibhalwe umlimu osathatha umhlalaphansi.*

# Imilenze emine yebhizinisi

**U**-Raymond Ackerman owakha u-Pick n Pay ngefilosofi yokuphatha yetafula elinemilenze emine. Imilenze emine yetafula lakhe abantu (*i-human resources*), umlenze we-*merchandise* (ukukhiqiza), umlenze wokuphromotha (ukumaketha) kanye nomlenze wezokuphatha phecelezi *i-administration leg* (okufaka phakathi eezimali).

Umlenze ngamunye kufanele uqine ngokwanele ukugcina itafula limile, futhi libe nobude obufanayo, ngokwanele ukugcina ibhalansi neleveli yetafula. Uma owodwa kule milenze uxega, itafula liyatsheka; uma umlenze uwa itafula liyawa. Amasethingi etafula abekwe oqwembeni oluyisicaba, ayisisekelo yimisebenzi yansukuzonke nokusebenza kwebhizinisi.

Khumbula ngokujwayelekile ukuphatha kusho ukuplana, ukuhlela ukuqalisa nokulawula (umsebenzi wokuphatha) ukuphatha zonke izindawo ngokufanele. Izindawo zokuphatha ukukhiqiza-, ukumaketha-, ukuthenga-, izimali-, ukuphatha-, *i-human resource*-, *i-public relations*-, ama-asethi nestoko-, kanye nokuphatha jikelele. Ngaso leso sikhathi, ngenkathi usebenzisa umsebenzi ngamunye wokuphatha – umlimi/umphathi naye kufanele abe umholi omuhle, ongathatha izinqumo axhumane ngaphakathi nangaphandle, athumele ekwenzeni umsebenzi, xhumanisa imikhakha, akhuthaze abasebenzi bakhe futhi aphanthe ngobuqotho kokubili okungekho fomali nokufomali.

Indaba elandela ifilosofi ka-Ackerman ukuthi itafula limele ibhizinisi kanti imilenze yizindawo ezithize zezokuphatha. U-Acker-

man wabona ukuthi kunzima kakhulu ukuphatha zonke izindawo ngendlela efanele ngalokho wabe esegxila ezingxenyeni ezine – izingxenyenye ezine zebhizinisi. Lezi zindawo kufanele zipathwe ngokufanele ukuligcina lizinzie ibhizinisi futhi liqhubeka ngokufanele. Uma eyodwa vo indawo yokuphatha (umlenze) ingaphathwa ngokufanele ibhizinisi ngeke liqhubekе kahle nangendlela okufanele liqhubekе ngayo futhi lizogcina liwile.

Ngokubukeka kwebhizinisi lanamuhla, ake siwichaze lo mqondo njengalowo lapho indawo ngayinye yokuphatha ibonakala njengetafula elakhelwe emilzeni emini *ye-planning*, ukhlela uku-implimenta nokulawula. Ibhizinisi lakho lingamelwa amatafula ayisishiyagalolunye – anqwabelene ndawonye njenge-phiramidi. Cabanga nge-phiramidi yabantu esasivame ukulakha siseyizingane, uma insizwa ephansi igoba (ngokuvamile izingalo zalezi zingane zi-yakhathala), lonke iphiramidi liyawa libhidlike. Ngabe wenza izinto ezilungile ebhizinisin lakho ukusekela onke amatafula ukugcina iphiramidi lebhizinisi lakho liqonde phezulu?

Kumlimi omncane ozenzela wonke umsebenzi mathupha kuba nzima kakhulu ukulawula yonke indawo ngokufanele. Ngakho ke umlayezo ukuthi kufanele ugxile kwemine, amatafula abalulekile (izindawo zokuphatha) okusho ukuthi lezi ezinye zizoma nomu ziwe. Bese ugxta ekuphathe ni lezi zindawo ngamandla akho onke ukwakha uzinzo oludingekayo namandla. Uma la matafula esezenza ngokufanele azowasekela amany amatafula. Amabhizinisi amanangi, njengamabhizinisi ezolimo ami ematafuleni amane okukhiqiza,

ukumaketha eezimali *ne-human resources*. Ngeke ukwazi ukuzenzela yonke into ngendlela efanele., ngakho gxila kulezo zindawo nomu kulezo ozikhethile. Itafula ngalinye linendawo eliyidlatayo, futhi umsebenzi womphathi ukugcina ibhalansi nokwenza yonke into isebenze.

Ngabe alingana onke amaleveli amatafula akho phezulu? Uma omunye umlenze umude kuneminye imilenze, itafula izotsheka, kanti itafula elitshekile elilihle ukuba ubeke kulo amasethingi etafula. Isibonelo – ngabe wawuplana ngokufanele umsebenzi womkhakha ngamunye kodwa walibala uku-implimenta amapulane akho. Njengokuplana ukutshala izinhlamvu zembewu yommbila eziyi-30 000/ha kodwa kugcine kutshalwe eziyi-20 000.

Njengoba onke amatafula ebalulekile ekuphileni nakunqubekelaphambili yebhizinisi lakho, itafula lokumaketha ngokuvamile yilo elibhidliko kuqala ngenxa yemilzene ebuthakathaka. ‘Kulula ukwenza, kunzima ukudayisa’, njengokwesisho. Uma leli tafula libhidliko lawa amany amatafula nawo azolandela. Imaketha ayinaso isihawu, ayinanhliyo kanti leli tafu ngokuvamile yilo elinzima kakhulu ukuligcina lihlelekile. Amabhodi ezokumaketha eminyeka ephambili enza ukuba abalimi besale bengasiboni isidingo sokuthuthikisa ikhono lokumaketha, futhi nokungahambisi izinto ngendlela kubaphonse phansi esiziben. Ngako ke sebenzisa umthetho njalo – ‘ungalokothi ngaphambi kokuthola imaketha yalowo mkhiqizo’.

Umqondo wetafula lika-Ackerman emhlabeni wanamuha wenza kube lula kakhulu. Emhlabeni wezamabhizinisi anamuha, ikakhlukazi kwezolimo, amatafula ame kusafesi eguquka njalo nahlehlayo – ngenxa ye ukwenza isibonelo ukungazinzi kwezopolitiki, izinselelo zokumaketha, ubunzima bezindleko zentengo, kanye nesimo sezulu. Imilenze idinga ukunkawa njalo, kanti nemilenze namasethingi amatafula adinga ukuhlelwu kabusha njalo.

Khumbula into emiyo namuhla yinguquko – qhubeka nokusebenza emilzeni yamatafula – ukuplana, ukuhlela uku-implimenta nokulawula. Izimo zihluka unyaka nonyaka futhi ngakho ke ukulawula ukuphatha kwakho kudinga ukulungiswa njalo.

I-athikhili ibhalwe ngu-Marius Greyling,  
umbhali wePula Imvula. Uma ufuna  
imininingwane egcweli, thumela i-imeyili  
ku-mariusg@mcgacc.co.za.

# I-Grain SA i-intavywe... u-Andries van der Poll

**L**o mlimi onentshisekelo, wesifunda i-Swartland esifundazweni iNthsonalanga neKapa, ukholelwa ekutheni ukusebenza kanzima kanye nokuhlela ngo-kufanele yikhona okunomthelela omkhulu kwinqubekela phambili nasempumelelweni yakhe. U-Andries van der Poll unolwazi nokugqugquzeleka kokuphumelelisa inhloso yakhe yokwahluhanisa ngokuphelele ipulazi lakte futhi angathanda ukwabelana nabanye abalimi abasebancane ngetshisekelo yakhe.

## Ulima kuphi futhi mangakhi amahektha ovalimayo? Ngabe yini oyilimayo?

Silima u-450 ha (kunamalungelo amanzi ku-42 ha) esifundeni i-Swartland eduze kwase-Gouda. Sifuye izimvu, izinkomo silima okusanhlamu (ukolo, i-oats, uluphini kanye ne-medic yokujikelezisa izilimo) futhi nakulo nyaka siqale ngommbila. Siphinde sibe nama-dlelo aniselwayo.

## Yini ekugqugquzelayo /ekufakela ugqozi?

Nginentshisekelo ngokulima futhi ngangi-phupha ngokuba nepulazi lami kusukela ngo-1993. Sazithembisa thina ukuthi mhla siyokuba nepulazi siyophila iphupho lethu. Nginokwesekwa okugcwele engikuthola kunkosikazi wami nasezinganeni bayazifela ngempilo yasepulazini nangokulima. Ngosuku lokuqala ngesikhathi sivakashele eKlipdrift ngo-2011, sizithembisa ukuthi uma sinalo ithuba lokuhlala lapha singenza enkulipimpumelelo yaleli pulazi. Ngihlale ngiphupha ngokuba neyami impahla, futhi yikho lokho okungigqugquzelayo. Sinamaphupho amanangi kodwa sizama ukukwenza kancane kancane.

## Chaza amandla nobuthakathaka bakho

Amandla ukuthi sinolwazi olwanele, sine-nthisekelo futhi sigqugquzeleka ukwenza le phrojekthi ibe yimpumelelo. Ubuthakathaka bethu ukuthi 'kunzima' epulazini.

## Sasingakanani isivuno sesilimo sakho ngenkathi uqala ukulima?

## Singakanani isivuno sakho manje?

Ngo-2014 saqala ukulima i-oats namaluphini kanti ngo-2015 saqala ukulima ukolo, kodwa ngenxa yesomiso savuna kuphela u-600 kg/ha. Unyaka odlule waba ngconywana kodwa

ngoba satshala sekwedlule isikhathi singa-ngakwazi ukuvuna u-1,9 t/ha kuphela. Ezinkomeni sino-80% isilinganiso sokuphusisa kanti futhi nge-zimvu saqala ngesilinganiso sokuphusisa esingu-60% ngo-2014 nango-2016 sagcina ngo-110%.

## Ucabanga ukuthi dngabe yini ebenomthelela omkhulu kunqubeke-laphambili kanye ne-mpumelelo yakho?

Ukusebenza kanzima nokuhlela yikho okuwukhiye kunqu bekelaphambili nase-mpumelelweni yethu Amathagethi nawo abaluleke kakhulu. Kufanele wazi ukuthi kwenzekani epulazini lakho nokwazi lapho uphokophelele khona noma lapho ufuna ukufika khona nakho kubalulekile.

## Ngabe uthole ngqequesho yini kuze kube yinamuhla? Yini ongathanda ukuqhubeuka nokuyiqeqeshelwa?

Sithole ingqequesho kwezeZimali, ukuPhathwa kweZimvu – i-Dohne Merino, ukuShisela nokuKhqizwa kukaKolo. Unkosikazi wami wathola ingqequesho ye-Tourism and Finance futhi okwamanje umatasatasa ngengqequesho ye-Mixed Farming e-Kaap Agri Academy, lapho awina khona umklomelo i-Top Achiever ngo-2016.

Abasebenzi badinga isifundo se-Life Skills kanye nesifundo se-Machinery Maintenance futhi ngifuna ukwenza idiploma kwi-Livestock farming kanye nakwi-Pest/ Chemical Control in Grain.

## Ngabe uzibona ukuphi eminyakeni emihlanu ezayo? Ngabe yini otanda ukuyizu?

Eminyakeni emihlanu sifuna leli pulazi lishintshe ngokuphelele, isivuno sika-3 t/ha kaKolo, ku-40 ha, 2 ha kaLusesene nokuphumelela ngo-140% isilinganiso sokwephusisa izimvu



futhi kuhlangane ne-agri-tourism ekhuliswe ngokuphelele. Singathanda futhi nokuqe-sha abantu abasebancane abanentshisekelo yezolimo.

## Yisiphi iseluleko ongasinikeza kubalimi abasebancane?

Iseluleko sami engisibhekise kubalimi abasebancane: Uganikezeli, yiba namaphupho amakhulu futhi ungayeki ukuphupha. Bhala phansi ndawana thize futhi ucabange kabili ngakho ngosuku, ungacini lapho, qala ngokusebenza ngakho futhi unganikezeli futhi ungazikhndli.

*I-athikhile ibhalwe ngu-Liana Stroebel, i-Provincial Co-ordinator, (eNtshonalanga Kapa) yakwaGrain SA Farmer Development Programme. Uma ufuna ulwazi olugcwele, thumela i-imeyili ku- liana@grainsa.co.za.*

**Ithimba labahleli**

**GRAIN SA: BLOEMFONTEIN**

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324  
7 Collins Street, Arboretum  
Bloemfontein  
► 08600 47246  
► Fax: 051 430 7574 ▲ [www.grainsa.co.za](http://www.grainsa.co.za)

**UMHELI OMKHULU**

**Jane McPherson**  
► 082 854 7171 ▲ [jane@grainsa.co.za](mailto:jane@grainsa.co.za)

**UMHLELI  
UKWABA**

**Liana Stroebel**  
► 084 264 1422 ▲ [liana@grainsa.co.za](mailto:liana@grainsa.co.za)

**IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE  
NOKUSHICILELA**

**InfoWorks**  
► 018 468 2716 ▲ [www.infoworks.biz](http://www.infoworks.biz)



**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI  
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**

**Isizulu,**  
Isibhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,  
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

**Uhlelo IweGrain SA  
LokuThuthukisa amaFama**

**ABAQONDISI BENTUTHUKO**

**Johan Kriel**  
Free State (Ladybrand)  
► 079 497 4294 ▲ [johank@grainsa.co.za](mailto:johank@grainsa.co.za)  
► Office: 051 924 1099 ▲ Dimakatso Nyambose

**Jerry Mthombohi**

Mpumalanga (Nelspruit)  
► 084 604 0549 ▲ [jerry@grainsa.co.za](mailto:jerry@grainsa.co.za)  
► Office: 013 755 4575 ▲ Nonhlahlala Sithole

**Jurie Mentz**

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
► 082 354 5749 ▲ [jurie@grainsa.co.za](mailto:jurie@grainsa.co.za)  
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

**Graeme Engelbrecht**

KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
► 082 650 93157 ▲ [graeme@grainsa.co.za](mailto:graeme@grainsa.co.za)  
► Office: 012 816 8069 ▲ Sydwell Nkosi

**Ian Househam**

Eastern Cape (Kokstad)  
► 078 791 1004 ▲ [ian@grainsa.co.za](mailto:ian@grainsa.co.za)  
► Office: 039 727 5749 ▲ Luthando Diko

**Liana Stroebel**

Western Cape (Paarl)  
► 084 264 1422 ▲ [liana@grainsa.co.za](mailto:liana@grainsa.co.za)  
► Office: 012 816 8057 ▲ Hailey Ehrenreich

**Du Toit van der Westhuizen**

North West (Lichtenburg)  
► 082 877 6749 ▲ [dutoit@grainsa.co.za](mailto:dutoit@grainsa.co.za)  
► Office: 012 816 8038 ▲ Lebo Mogatlanyane

**Julius Motsoeneng**

North West (Taung)  
► 076 182 7889 ▲ [julius@grainsa.co.za](mailto:julius@grainsa.co.za)

**Sinelizwi Fakade**

Mthatha  
► 071 519 4192 ▲ [sinelizwifakade@grainsa.co.za](mailto:sinelizwifakade@grainsa.co.za)  
► Office: 012 816 8077 ▲ Cwayita Mpotyi

Articles written by independent writers are  
the views of the writer and not of Grain SA.



# Ungalilahli ithemba

## – emva kwefu ngalinye kunolayini osiliva

**U**khona owake wamuzwa ethi: "Nge-linye ilanga uma ngithatha umhlaphephansi, noma uma nginemali eyanele, ngizozihlalela – mhlampe ngizoyolima." Iqiniso, impilo yasepulazini kufanele ihehe kakhulu kunesiphithiphithi sasedolobheni. KODWA kuyiphutha elingakanani ukuthi ukulima akunayo ingcindezi nokuthi kuyindlela elula yokuphila? Akukho nzima nje – kunzima kakhulu kunobunzima!

Akukhathalekile ukuthi umlimi uyiphatha kanjani iphrofayili yobungozi bakhe, imvelo ayiqondakali futhi ayilawuleki. Amaphupho ethu ashabala-njalo ngalawo ma-elementi. (Eminyakeni embalwa edlule, ukubelelsa kwesomiso nokushisa bekulokhu kulimaza) Abalimi bakwaGrain ikakhulukazi basengozini. Ukulima akukhona kwabanezhinlizyo ezibuthakathaka – uyakwazi lokho!

Ukulima yiphrofeshinii ebaluleke ukwendula zonke. Ngaphandle komlimi nokuphikelela kwakhe ngeke kube khona ukudla – ayikho impilo ngaphandle kokudla. Kanti futhi, ukulima yiphrofeshini ezithobe ukwedlula zonke – ayikho imingcele ngendlela imvelo emangaza ngayo, ukuzithoba nokuzithiba komlimi.

Nginesiqiniseko sokutho sonke siyasazi isifundo seBhayibeli esimayelana nezikathini zenala nezendlala – mayelana nokonga ngezikathini ezinhle ukuze wongele izikhathi ezimbi. Kodwa futhi leso sifundo sisitshela ukuthi **asikho isimo esihlala unomphela**

– ushintsho luyenzeka, akukhathalekile ukuthi kuthatha isikhathi esingakanani. Kule sigaba eNingizimu Afrika, kuzokuba ngcono – **NGIYETHEMBA!**

Uma sivuka ekuseni SITHEMBA ukuthi lizokuna, siTHEMBA ukuthi imbewu yethu izomila, siTHEMBA ukuthi umphathi webhange uzo..., SIYETHEMBA...siphinde SITHEMBE futhi SITHEMBE. Ithemba nokukholwa yikho konke umlimi okufanele abambelele kukho.

Cabanga nganazi izicashunwa ezintathu ezikhuthazayo ezabhalwa ngu-Confucius (Ifilosofa yaseChina ngo-551BC - 479BC):

- 'Inkazimulo yethu enkulu, ayikho ekutheni ungawi, kodwa isekuvukeni njalo uma siwa.'
- 'Akusho lutho ukuthi uhamba kancane kangakanani kuphela nje uma ungami.'
- 'Indoda esunduza intaba iqala ngokuthwala amatshe amancane.'

**Funa lelo lifu...ungalilahli iTHEMBA**  
– **ngisho noma kufanele uqale phansi.**


*I-athikhili ibhalwe ngu-Raymond Boardman,  
Umlimi noMqegeishi e-Buckingham,  
eVentersdorp, eSifundazweni iNyakatho  
neNtshonalanga. Uma ufuna imininingwane  
egcwelele, thumela i-imeyili  
ku-rhboardman@gmail.com.*



## Pula Imvula's Quote of the Month

*Keep away from people who try to belittle your ambitions.  
Small people always do that, but the really great makes you  
feel that you, too, can become great.*

~ Mark Twain



THIS PUBLICATION IS  
MADE POSSIBLE BY THE  
CONTRIBUTION OF  
THE MAIZE TRUST